Workers World Media Productions pre-recorded radio interview - Zulu
Amacala aphathelene nezocansi: Ngabantu abadala

1. Commission's task

1. **Umsebenzi weKhomishani**

Umsebenzi we Khomishani wuku thuthukisa, ukugucula nokuphucula umthetho welizwe lase South Africa. I-Project 107 imayelana namacala aphathelene nezocansi. Enye yezingxenye zale Project imayelana nokudayiswa kocansi ngabantu abadala.

2. **Explain the law reform process on adult prostitution?**

2. **Chaza indlela yokuphucula umthetho elandelweyo kulolucwaningo lokudayisa ucansi ngabantu abadala?**

IKhomishani ikhiphe iPhepha-ngxoxiswano elimayelana namacala aphathelene nezocansi: Ukudayiswa kocansi ngabantu abadala elingunombolo 1 lika 2009 umphakathi wacelwa ukuba uthumele imibono mayelana neziphakamiso ezicukethwe kuleliPhepha-ngoxiswano ngungakafiki umhlaka 6 ku May onyakeni odlule. LeliPhepha-ngxoxiswano lihlose ukuzwa imibono yomphakathi ezosetshenziswa yiKhomishani ukuphothula iRepoti kanye noMthetho-sivivinyo.

Inhloso youkuqala yalolucwaningo ngukuphenya kabanzi ngemithetho eyahlukahlukene ephathelene nokudayiswa kocansi ngabantu abadala. Inhloso yesibili yalolucwaningo wukubheka ukuthi ngabe sikhona yini isidingo sokuguqula nokuphucula imithetho ephathelene nokudayiswa kocansi ngabantu abadala nokuveza imithetho-sivivinywa engahle isetshenziswe ekuhlahleni indlela, ukuvikela noma ukwehlisa ukudayiswa kocansi.

Okuzolandela emuva kwaleliPhepha-ngxoxiswano elimayelana namacala aphathelene nezocansi kuzoba yi Repoti. Kubhekwe ukuthi iRepoti izophothulwa ngokuphela kwenyanga ka-February wonyaka ka 2011. iRepoti izobe icukethe iziphakamiso zokugcina zeKhomishani ezizobe zihambisana

noMthetho-sivivinyo omayelana nokudayiswa kocansi ngabantu abadala. Kuzothi uma iRepoti isigunyazwe yi Khomishani inikezwe uNgcongcoshe woMnyango wezoBulungisa nokuThuthukiswa koMthetho-Sisekelo ukuze ayibuke.

3. **Explain the different options you have already identified for public debate?**

3. **Chaza zonke iziphakamiso ezahlukene ezidalulwe emphakathini?**

Kubalulekile ukuthi zisuka-nje kucaciswe umthetho okunguwona olandelwayo njengamanje kulelizwe lase South Africa nokuthi futhi yimiphi imigomo ekufanele ilandelwe kulolucwaningo.

Okokuqala, ngaphansi koMthetho welizwe lakithi ukudayiswa kocansi ngenhloso, nokuthenga ucansi kumuntu omdala ngenhloso kanye futhi nezinye izenzo eziphathelene nokudayiswa kocansi kuphambene noMthetho.

Okwesibili, zonke iziphakamiso ezicukethwe kuleliPhepha-ngxoxiswano zikubona kuyicala ukudayiswa kocansi ngabantu abasebancane; ukuphoqelela ukudayisa ucansi ngaphandle kwesivumelwano; kanye futhi nokuhweba ngabantu ngenhloso yokudayisa ucansi. IKhomishani ibona ukuthi ukuphoqelela umuntu ukudayisa ngocansi kuphambene nomthetho kanti futhi lesisiphakamiso kufanele sifakwe kwi-Repoti yeziphakamiso zokugcina zeKhomishani.

iKhomishani iphakamisa leziphakamiso ezine ezilandelayo zomthetho ohlongozwayo ezingahle zisetshenziswe kulelizwe lase-South Africa:

Isiphakamiso sokuqala sithi akube yicala eliphelele izenzo zabantu eziphathelene nokudayiswa kocansi, lokhu kuhlanganisa umuntu odayisa ucansi, umuntu odayiselwa ucansi nabantu izenzo zabo ziphathelene nokudayiswa kocansi (ngamanye amagama lokhu nguwona mthetho olandelwayo njemamanje kulelizwe lase-South Africa)

Isiphakamiso sesibili sithi akube yicala elingaphelele izenzo zabantu ezihambisa ukudayiswa kocansi, amabhizinisi okudayisa ucansi kanye namakhasimende ocansi. Abantu okuyibona abadayisa ucansi abaphuli umthetho ngoba babonwa kungabantu okufanele bavikelwe.

Isiphakamiso sesithathu sithi akulawulwe futhi kuvunyelwe ngokomthetho ukudayiswa kocansi kuhambe ngendlela ebekiwe njengokukhipha amalicense wamabhizinisi ocansi, kubhaliswe abantu abadayisa ngocansi kanti futhi izindawo eziyingozi lapho abantu abadayisa ngocansi besebenzela khona zidalulwe. Ngaphansi kwalesisiphakamiso, ukudayiswa kocansi ngabantu abadala kuvunyelwe, kodwa kufanele kuhambe ngendlela ebekiwe. Ukudayiswa kocansi okungahambi ngendlela ebekiwe akube yicala.

Isiphakamiso sesine sithi ukudayisa ucansi akungabonwa njengesenzo esiphambene nomthetho. Lokhu kuhambisana nokuthi ukudayiswa kocansi kuthathwa njengenye yezidlela ezivunyelwe zokusebenza- kodwa ukusetshenziswa kwemithetho yabasebenzi kuloludaba akusho ukuthi lokho kuyikona sizathu sokungaphuli umthetho. Kudwa akuthathwe njengomgomo obekwe nguhulumeni.

4. **Briefly explain why you have no view on the World Cup?**
4. **Chaza kafushana ukuthi yingani ungenawo umbono mayelana nomdlalo webhola lendebe yomhlaba kanobhutshuzwayo?**

Lolucwaningo aluzange lusungulwe ngenhloso yokuthi iziphakamiso ezicukethwe zisetshenziswe ngesikhathi sebhola yendebe yomhlaba kanobhutshuzwayo okanye iziphakamiso ezicukethwe zisetshenziswe kuleli lase South Africa okwesikhashane. Amandla weKhomishani mayelana ne Project 107 awancikanga emdlalweni webhola yendebe yomhlabla ka-2010, yingakho iKhomishane ingeke futhi ingasoze ibeke iziphakamiso ngalesisikhathi kololudaba.

Ucwaningo selulonke olumayelana namacala aphathelene nezocansi (okusho ukuthi i-Project 107), olwacala ngo 1998 lunegunya elibanzi. Inhloso

yalolucwaningo wokuphucula kabanzi indlela yokuhanjiswa kobulingiswa ngokuphathelene nawo onke amacala amayelana nocansi kanye nokudayiswa kocansi ngabantu abadala, nokucwaningisisa imithetho ephethelene namacala ukuze kwenziwe iziphakamiso-sivivinyo ezihlose ukuphucula izindlela zokuhanjiswa kobulungiswa ukuze kulwiswe udlame oluhambisana nocansi nokuthi lezi iziphakamiso-sivivinyo zilethe izinguquko.